NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
MAY 2023

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-15. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZINE.
3. Phendula zonke IZIQEPHU.
4. Qala isiqephu ekhasini elisha.
5. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
6. Qiniseka ukuthi awuyixovi imibuzo.
7. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.
8. Shiya umugqa emva kwempendulo.
9. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.

IEB Copyright © 2023

ISIQEPHU A ISIFUNDO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

Funda le ndaba bese uphendula imibuzo elandelayo.

Namuhla yiSonto. Ilanga libalele, kucwebile ngoba abantu abaningi abasebenzi futhi abanye basesontweni. Lolu wusuku olubalulekile kubazali bami. Baqeda iminyaka engamashumi amabili bashada. Mina nodadewethu omdala uBoni sihlele ukubungaza lolu suku olubalulekile kubona. Yize kunjalo, abazali bethu abanalo ulwazi lokuthi sifuna ukwenza umcimbi wokubungaza usuku lwabo lomshado, yi-*surprise*. Ngakho-ke, sicele umalume, umfowabo kamama ukuthi abalande **ngemoto yakhe kanokusho** baye esontweni. Umama nobaba abanayo imoto. Njalo uma beya esontweni uBoni uyabahambisa ngemoto yakhe kepha uthe akazubahambisa namhlanje ngoba kufanele aye emsebenzini. Mina ngitshele umama ukuthi nginomsebenzi wesikole odingeka kusasa, kufanele ngiwuqede. Namhlanje uBoni ucele ukuthi bagqoke kahle, sizohamba siyodla ilantshi e-*Mall* uma bebuya esontweni. Leli yicebo lokuthi bagqoke kahle ukuze kubonakale ukuthi umcimbi wabo uma befika sekukhona abantu. Okusijabulisa kakhulu ukuthi ukuya kwabo esontweni kwenza ukuhlela kwethu kube lula.

1 Mina noBoni siqale ukonga imali ngonyaka odlule ukuze sikhokhele inkampani ezohlobisa futhi ipheke **izibiliboco** ezahlukahlukene. Udadewethu uhola imali eningi emsebenzini wakhe, yingakho ekwazile ukubeka imali eyanele. Mina bengibeka imadlana ebhangi uma abazali bami benginika imali yokuzijabulisa neyokuthenga ukudla esikoleni. Isoka likaBoni lithenge iziphuzo, lakhokhela uDJ ozodlala umculo usuku lonke futhi lasiza ngokuthatha izimpahla ngemoto yalo. Linemali eningi ngoba linamabhizinisi.

2 Simeme (*invited*) ubaba uDube, umfundisi walo isonto likamama nobaba, iSt Angeline Gospel Church kanye nomama mfundisi umama uDube. Abanye abantu esibamemile abangani babazali bami, omakhelwane nomndeni. Kukhona umngani kamama u-anti Zozo onebhizinisi lokuhlela izimbali. Ngiyamthanda u-anti Zozo ngoba unomoya omuhle, ukhululekile futhi unamahlaya. Uthe uzofika ekuseni ukuze asize futhi ahlobise ngezimbali egumbini lokuphumula. Njengesethembiso u-anti Zozo ufike ekuseni, ukhona njengamanje umatasasasa ngezimbali futhi uhlobisa indawo lapho umcimbi uzokwenzelwa khona, elawunji. Abantu bayamlalela u-anti Zozo ngoba ukhulumela phezulu futhi uyazethemba. Uma ekhuluma ubiza abantu besifazane uthi: "*doll*" kepha uma ebiza abesilisa uthi: "qhawe" noma ungaba mdala noma umncane. Nginesiqiniseko sokuthi uma kukhona u-anti Zozo konke kuzoshesha futhi kuhambe ngohlelo.

3 Umcimbi uzoqala ngehora lokuqala ntambama. Isonto liphuma ligamenxe ihora leshumi nambili. Ngakho-ke, sicele umalume ukuthi alibazise (*delay*) ubaba nomama endleleni ukuze bafike lapha ekhaya sekukhona wonke umuntu. Sithembise ukuthi sizomshayela ucingo uma kukhona okuphazamisayo. Sicele omakhelwane ukuthi bamukele izivakashi zethu ezinezimoto ukuze izimoto zabo bazipake emakhaya abo. Yisu elihle leli ngoba uma bepaka izimoto zabo egcekeni lalapha ekhaya bazozibuza ukuthi kungani kunezimoto ezipakwe ekhaya. Umfundisi yena uthembise ukuthi uzoqeda inkonzo bese eqonda ekhaya, ngeke achithe isikhathi.

IEB Copyright © 2023

4 Ubaba nomama bafike ngesikhathi lapho bonke abangani babo, omakhelwane nabo bonke abantu sebefikile ekhaya. Mina noBoni besibalunguza (*peep*) efasiteleni lasendlini yokuphumula, lapho okuhlelwe ukuthi umcimbi uzoba khona. Sibona umama ehleka kakhulu futhi ephuma emotweni. Ngicabanga ukuthi uhleka kakhulu ngoba umalume ungumuntu onamahlaya. Sibona ekhuluma kepha asazi ukuthi uthini. Kuthe lapho ubaba evulela umama ukuba angene elawunji sonke samemeza sathi: "*Suprise* ..."

[Umbhalo wokuziqambela]

1.1 **Khetha** impendulo efanele. Lo mcimbi ...

1.1.1 Uzokwenzeka (ekhaya likaBoni, esontweni labazali, kwa-anti Zozo). (1)

1.1.2 Uhlelwe (ngabazali, ngamadodakazi, ngomakhelwane). (1)

1.1.3 Ubungaza abantu (abangakholwa, abangamakholwa, abangama-shumi amabili). (1)

1.2 Abazali bakaBoni sebeshade isikhathi esingakananani? (1)

1.3 Bazofika nobani abazali bakaBoni kulo mcimbi futhi bazofika ngani? (2)

1.4 UBoni nodadewabo bakhulume maphi amanga kubazali babo? Bhala amaphuzu amabili. (2)

1.5 Esigabeni sesithathu, tomula amagama achaza lokhu.

1.5.1 uyahlekisa (1)

1.5.2 akaphumuli (1)

1.6 Thola **umqondophika** wala magama. Impendulo isendabeni.

1.6.1 ngiyamzonda (*esigabeni sesithathu*). (1)

1.6.2 lingena (*esigabeni sesine*). (1)

1.7 Chaza lezi zimo zokukhuluma.

1.7.1 imoto kanokusho (1)

1.7.2 izibiliboco (1)

1.8 Ungamchaza njengomuntu onjani uBoni? Sekela ngamaphuzu amabili asendabeni. (3)

1.9 Bhala isihloko esifanele le ndaba. (1)

1.10 Qedela le ndaba ngamaphuzu amabili. (2)

[20]

IEB Copyright © 2023

UMBUZO 2

Bukisisa isithombe esingezansi, ufunde okubhaliwe bese uphendula imibuzo elandelayo.



Namuhla ngumhlaka 9 *Agasti*. Abantu besifazane babungaza usuku lwabantu besifazane ezweni lethu iNingizimu Afrika.

[Isithombe sithathwe kwi-inthanethi]

2.1 Bangaki abantu abakulesi sithombe? Bhala ngamagama esiZulu. (1)

2.2 Laba bantu balubungaza ngayiphi inyanga lolu suku? Bhala inyanga ngesiZulu. (1)

2.3 Lo omile phambili ugqokeni? Bhala okubili. (2)

2.4 Akukho ukucwasana kulesi sithombe. Ngumbono noma yiqiniso leli? Sekela impendulo yakho. (2)

2.5 Khetha oyedwa omthandayo. Shono ukuthi kungani umthanda. (2)

2.6 Uma ucabanga kungani u-D no-J begqoke izikhafu emakhanda abo? Bhala amaphuzu amabili. (2)

[10]

Amamaki angama-30

IEB Copyright © 2023

ISIQEPHU B UKUFINGQA

UMBUZO 3

- Funda le ndatshana bese UYIFINGQA ngamagama **angama-50** kuya **kwangama-60**.
- Bhala amaphuzu AMAHLANU ngemisho ephelele.
- Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela **kweyoku-1 kuya kweyesi-5** NOMA **amabhulethi**.
- Sebenzisa amagama akho emishweni. UNGABHALI isigaba.
- Bhala kube **yinkulumo mbiko** (reported speech).
- Sebenzisa ulimi oluhle.
- Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala INANI lamagama owasebenzisile.

UKUBA NGUMFUNDI KAMATIKULETSHENI

Kuningi okwenziwa ngabafundi bakamatikuletsheni. Isikhathi esiningi abafundi abalitholi ithuba lokuphumula njengoba bekade belithola besafunda emabangeni aphansi. Abasasitholi isikhathi sokubukela izinhlelo ze *TV* ngoba umsebenzi wesikole muningi kakhulu. Bonke othisha bafuna umsebenzi wabo ube sezingeni eliphezulu. Phela abazali nothisha ngalesi sikhathi bayaxhumana ngama-*email* noma ngocingo ukuze bakhulume ngemiphumela yomfundi, ithemu nethemu. Uma nje umfundi engawenzanga umsebenzi wephotfoliyo, othisha bamufuna baze bamthole ukuze abhale lo msebenzi. Ayisaphathwa-ke eyabaqeqeshi bezemidlalo ngoba nabo bafuna ukuchitha isikhathi sabo nabafundi ntambama uma kuphuma isikole noma ngezimpelasonto. Yize umsebenzi umningi, abafundi kufanele bathathe isinqumo sokuthi uma befuna ukuthola ama-*colours*, kumele benze lokho okushiwo ngabaqeqeshi.

Abafundi bathola ithuba lokujabula uma sekusondele usuku lomdanso kamatikuletsheni. Angithi lolu wusuku lapho befana nosaziwayo besikole ngoba umndeni, othisha nabafundi bamabanga aphansi bahlangana lapho kwenziwa umcimbi ukuze babone laba bafundi. Amantombazane avamise ukuba ngamathe nolimi bebheka izingubo ezinhle kwi-inthanethi kujatshulwe kuhlekwe kube njeya! Esikhathini esiningi abheka izingubo ezinde ngoba kuyimfashini ukugqoka izingubo ezinde kulo mdanso. Miningi imibala egqokwa ngalolu suku kepha izingubo ezimnyama zijwayelekile kakhulu. Abanye bahamba namasoka kodwa abanye bahamba nabangani babo ngoba abanawo amasoka. Izinsizwa zikamatikuletsheni zona zithenga amasudi abizayo bese izinwele ziba yizitayela ezahlukahlukene.

Ngosuku olulandelayo bonke abafundi balala usuku lonke ngoba basuke bephuma emicimbini ebizwa nge-*after party.* Kudela owaziyo ukuthi kwenziwani lapho!

[Umbhalo wokuziqambela]

Ekufingqeni kwakho bheka lokhu:

- Abantu abasendabeni nokuhlobana kwabo.
- Izinkinga ababhekene nazo.
- Abakusebenzisayo lapho bexhumana.
- Okubajabulisayo.
- Umbuzombumbulu kamxoxi.

IEB Copyright © 2023

Ukwabiwa kwamamaki

Ingqikithi:	Amaphuzu amahlanu akhona futhi enza umqondo.	(5)
Ulimi:	Lusetshenziswe kahle, alunamaphutha.	(2)
Amagama omfundi:	Umfundi usebenzise amazwi akhe.	(1)
Amaphuzu:	Izinombolo noma amabhulethi.	(1)
Inani:	Amagama esephelele angama-60 kuya kwangama-70 futhi abhaliwe.	(1)

Amamaki ayi-10

IEB Copyright © 2023

ISIQEPHU C IZINKONDLO

UMBUZO 4

Inkondlo A – Efundwe ekilasini

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

1	**Saphela isizwe,**
2	Uma uphonsa amehlo ngapha nangapha,
3	**Ubona abantu asebephelelwe ithemba.**
4	Abanye babo bayangena bayaphuma
5	Emajele, amajele athi lo usemncane,
6	Akakhishwe! Kuthi uma ededelwa,
7	Aphindele khona emphandwini,
8	Nasesizibeni sikamaminzela kweyeTheku.
9	**Ngiyamuzwa omunye esethi abazali bami,**
10	Babeqisa amahabulo bengibhokla-
11	Ngesagila, ngaqoma ukuduka nezwe.
12	Ngiyamuzwa omunye esethi umalume,
13	Wayengidikadika ubusuku nemini,
14	Kuthi lapho ngithi,
15	Ngifuna engingamvulela isifuba,
16	Bonke bathi ngihubhuza amanga.
17	Laze lanesihluku leli khaya.
18	Bantu bakithi, baphi onembeza?
19	Kungani sisebenzisa lezi zingane,
20	Ukuthi zisiqoqele ingcebo?
21	Ezinye zishushumbisela obhebhenene-
22	Bezintshebe izidakamizwa,
23	Ezinye zihlwithela obhuti madlisa omakhala ekhukhwini.
24	Qagela ukuthi ngabe yini inkokhelo,
25	Ibhodlela nje le-*glue*.
26	Ezamantombazane azilindi zize zithombe,
27	Zilambile! Impendulo isekuqwayizeni.
28	Amagugu esintu aphelela obala.

4.1 Bhala isihloko sale nkondlo. (1)

4.2 Emugqeni 1, imbongi ikhuluma ngasiphi isizwe? Sekela impendulo yakho. (2)

4.3 Bhala izinhlobo ze**zinzwa** emigqeni elandelayo.

4.3.1 Umugqa 3 (1)

4.3.2 Umugqa 9 (1)

IEB Copyright © 2023

4.4 Le nkondlo iphawula ngokuhlukumezeka ngokomzimba. Caphuna **imigqa emibili** ekhombisa ukuhlukumezeka ngokomzimba. (2)

4.5 Imbongi iphawula ngamaphutha kule nkondlo. Sekela lesi sitatimende ngokubhala lokhu:

4.5.1 Obani imbongi ethi banephutha? (1)

4.5.2 Yiliphi iphutha elenziwe yilaba bantu? (1)

4.6 Bhala ngomyalezo otholakala kule nkondlo. (1)

[10]

IEB Copyright © 2023

UMBUZO 5

Inkondlo B – Efundwe ekilasini

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

NGIYOKHOHLWA NGIFILE – Bongani Mavuso

(*kuSphesihle Mavuso owadlula emhlabeni mhlaka-17 April 2001*)

Ngazibona ngawe ukuthi ngiyindoda ndodakazi yami,
Kanti angibuzanga elangeni mntanami;
Ingxavula enonya yasesibhedlela eTembisa,
Izokuholela ophathe ngehora leshumi besanda kungithembisa
Odokotela ukuthi zizowuphonsa umbalane bathembisa.

Kazi lapho ongilinde khona kunjani?
Amanzi okuphila kwaphakade aphuzwa ngabanjani?
Ngitshengise esibonakalisweni ukuthi usungakanani ntomb' enhle,
Ze **ngizobonga nginconcoze** kuMdali ngobuhle,
Akunika bona ngesihle **UMUHLE**.

Kuphila, izimpophoma zomphefumulo kaNyembezi,
Zafana nechilo ekujuleni kwenhliziyo kababa wakho.

Ngiyokhohlwa ngifile kufa,
Wangenza isilo sengubo ngiphila;
Izindonga zomndeni kaNgwane zabhacekwa ngokufa,
Kwaqhuma insini ezitheni ezingajabuli lapho siphila.
Akusenani kuzonqotshwa ukufa.

5.1 Washonelaphi umufi? (1)

5.2 Estanzeni sokuqala, tomula.

5.2.1 Igama eliwubufakazi bokuthi imbongi ngumuntu wesilisa. (1)

5.2.2 Umugqa owubufakazi bokuthi uSphesihle yingane yokuqala yembongi. (1)

5.3 Enkondlweni, caphuna imigqa emibili engumbuzombumbulu. (2)

5.4 Ucabanga ukuthi kungani igama elithi:

"UMUHLE" libhalwe ngokugqamile? (1)

5.5 Chaza ukuthi zisho ukuthini lezi zimo zokukhuluma ngesiZulu.

5.5.1 Ukuphosa umbalane. (1)

5.5.2 Ukubonga unconcoze. (1)

5.6 Veza **indikimba** yale nkondlo. Kungani uyipha le ndikimba? (2)

[10]

IEB Copyright © 2023

UMBUZO 6

Inkondlo C – Engafundwanga ekilasini

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

MVULA YENHLONIPHO – Bongani Mavuso

Mvula yenhlonipho,
Sewajubalala kuhle kwejuba likaNowa.

Mvula yenhlonipho,
Sondela unginethe ekujuleni kwenhliziyo.

Ng**i**z**i**m**i**sele ukwaz**i**sa abazal**i** bam**i**,
Kuze kufike usuku lokungena egodini.

Isomiso esihaqwe yinhlamba nenhlebo,
Singijuqa kuphele uthando lokudla anhlamvana.

Buya mvula yenhlonipho,
Abangakithi bomele ithonsi lakho.

Yehla mvula yenhlonipho,
Isizwe sakithi silambele ulwazi oluniselwe nguwe.

Mvula yenhlonipho,
Abakithi bangitshela ngisebomvana ngokubaluleka kwakho.

Mvula yenhlonipho,
Nginethe ngibe manzi nte.

6.1 Qedela lo musho ngemigqa yale nkondlo.

6.1.1 Imigqa yale nkondlo ivalekile ngoba kukhona _____ ekugcineni kwemigqa. (1)

6.1.2 Mingaki imigqa yale nkondlo? Bhala ngamagama esiZulu. (1)

6.2 Imigqa ethi: "Mvula yenhlonipho" iphindwe kaningi.

6.2.1 Ibizwa ngani? (1)

6.2.2 Kungani iphindaphindiwe? (1)

6.3 Esitanzeni sokuqala, thola uhlobo nesibonelo sesifengqo. (2)

6.4 Hlobo luni lwefanamsindo lolu olugqamile emugqeni 5? (1)

IEB Copyright © 2023

6.5 Sinjani isigqi sale nkondlo? Kungani usho njalo? (2)

6.6 Phawula ngezitanza zale nkondlo. (1)
[10]

Amamaki angama-30

IEB Copyright © 2023

ISIQEPHU D UKUSETSHENZISWA KOLIMI NOHLELO

UMBUZO 7

Sebenzisa ikhathuni engezansi ukuphendula imibuzo elandelayo.



[Sithathwe kwi-inthanethi]

7.1 Lungisa amagama akubakaki ukuze kuzwakale kahle. Bhala impendulo kuphela.

Uthisha uvalelisa 7.1.1 (-nke) abafundi njengoba kuyimpelasonto. Manje usele 7.1.2 (-dwa) namadeski 7.1.3 (-dwa). (3)

7.2 Bhala umusho olandelayo ngokusebenzisa lezi zinkathi zesenzo.

Uthisha uvalelisa abafundi.

7.2.1 Inkathi esanda kudlula (edlule). (1)

7.2.2 Inkathi eyadlula kudala. (1)

7.2.3 Inkathi ezayo. (1)

7.3 **Phikisa** imisho elandelayo. Ungabhali umqondophika.

7.3.1 Nihambe kahle bafundi. (1)

7.3.2 Sizobonana emva kwempelasonto. (1)

7.3.3 Nguthisha lo! (1)

7.4 Lungisa imisho elandelayo ngokubhala **ubumnini bento/ ongumnini**. Bhala impendulo kuphela.

7.4.1 Izingane (yena) zimshiyile. (1)

7.4.2 Ugqoke izibuko (ukufunda). (1)

7.4.3 Zihambile izingane (isikole). (1)

[12]

IEB Copyright © 2023

UMBUZO 8

Sebenzisa isithombe ukuphendula imibuzo elandelayo.



[Sithathwe kwi-inthanethi]

8.1 **Bhala ondaweni esikhundleni samagama** abhalwe ngokugqamile. Bhala impendulo kuphela.

8.1.1 Uyafuna ukuya **(bona)**? (1)

8.1.2 Kunezithombe zezinhliziyo **(udonga)**. (1)

8.2 Bhala **isabizwana sokukhomba** esikhundleni samabizo agqamile. Bhala imisho ephelele.

8.2.1 **Insizwa** izocela umshado namhlanje (1)

8.2.2 **Indawo** ithandwa yizithandani. (1)

8.3 **Nciphisa** amagama agqamile. Bhala impendulo kuphela.

8.3.1 **Intombi** yakhe isizolotsholwa. (1)

8.3.2 Bacele **itafula** lababili. (1)

8.3.3 Le **yindawo** ethandwa kakhulu. (1)

8.4 Lungisa amagama akubakaki ukubhala izivumelwano nezimpambosi ezilungile.

8.4.1 Umngani wami **(-thanda)** nodadewethu. (1)

8.4.2 Isiphuzo esibandayo **(-phuza)** yizithandani. (1)

[9]

IEB Copyright © 2023

UMBUZO 9

Sebenzisa isithombe esingezansi ukuphendula imibuzo ezolandela.

UMNDENI WAMI



Umama ungu**dokotela** eLulamani Hospital. Mina ngifuna ukuba ngumfundisi. Ngiyakuthanda ukufunda ibhayibheli nokuya esontweni. Akuvamile endaweni yangakithi ukuthi **umuntu wesifazane** abe ngumfundisi. **Umfowethu** yena ufuna ukuba ngudokotela njengomama.

9.1 Bhala **ubulili** obuphikisana nalobu.

9.1.1 umuntu wesifazane (1)

9.1.2 umfowethu (1)

9.2 Bhala **izifinyezo** zamagama alandelayo.

9.2.1 udokotela (1)

9.2.2 umfundisi (1)

IEB Copyright © 2023

9.3 Khetha impendulo efanele ebhokisini.

nesifonyo	ngesifonyo	kwesifonyo	isifonyo	izifonyo

Umama akasikhohlwa 9.3.1 _____ sakhe uma eya emsebenzini. Ubeka umakhalekhukhwini eceleni 9.3.2 _____ ngoba uthi lezi yizinto ezibalulekile kuyena. Uma ngidlala 9.3.3 _____ sami akajabuli. Ngakho-ke nami ngithatha ifoni 9.3.4 _____ sami uma ngilungiselela ukuya esikoleni. Namuhla sigqoke 9.3.5 _____ zethu ngokuziqhenya. (5)

[9]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2023